(7

ILANGA, NOVEMBER 29 - DECEMBER 1, 1990

# AbePAC nabe-ANC basafuna

GGt Ao\

## inswinywe futhi iSouth Africa

ETHEKWINIL. - Izinhlangano ezimbili zaseSouth Africa

â\200\230ezilwela amalungelo

oluntu, i-African National Congress . (ANC) nePan Africanist Congress (PAC), zinxuse amazwe ase-Afrika ' angu-19 ajoyine ngaphansi kwePreferential Trade Area . (PTA) ukuba aqhu- . beke nokuduba elaseNingizimu Afrika.

UDr Nelson Mandela, iPhini likaMongameli we-ANC, ukusho lokhu

" ekanye noMnuz. Claren-

ce Makwetu, umongameli osabambile wePAC, emhlangwaneni obuwenziwe ngamalungu ePTA eSwazini othathe izinsunku ezimbili ngempelasonto. .

IPTA yabunjwa ngo-1984 ngamazwe ase-Afrika, ngenjongo yokuba amazwe angaphansi kwayo akwazi ukubonisana ngokuthi azohweba

namaphi amazwe. Abaholi abaningi balamazwe abazimisele nakancane ukuba bahwebelane ne-South Africa ngaphandle kokuba igede ubandlululo nokubuswa ngokwehlukana.

Lababaholi bobabili bathe umnotho wase-

- South Africa uyothuthu-

kiswa emuva kokuba lelizwe selithole inkululeko. Bathe uma lungase luye-

kwe unswinyo, kuyobane-
miphumela emibi ngesi-
khathi esizayo esiyothi-

kamezwa wubudlelwano
obungenziwa ngamazwe
angaphansi kwePTA uma
neSouth Africa isabusa
ngokubandlulula.

UDr Mandela uthe
uyazi ukuthi kukhona
amazwe ase-Afrika ase-
qaleli ukuhwebelana ne-
South Africa selokhu
uMongameli F.W. de
Klerk akhipha inkulumo
eshibili r{%l())February 2
nonyaka. Ube esexwayisa

lamazwe asezwelana ne-
South Africa ngokuthi

uma eqghubeka lokho ku-

- yodala ubulukhuni ezi-

ngxoxweni ezisaghubeka,

eziphakathi kukaHulu-

meni waseSouth Africa
kanye nezinhlangano ezi-
mele uquqaba.

- Ukwesekwa kwe-
ANC nePAC kubonakale
ngaphambi kokuba kuqa-
le umhlangano ngesikha-
thi abaholi balezizinhla-
ngano bebonisana naba-
holi bamazwe amahlanu
angobhongoza e-Afrika,
kuwona okukhona iZi-
mbabwe, Angola, Zam-

bia, Mozambique kanye
neBotswana.

UDr Kenneth Kau-
nda emuva kwalokhuku-
bonisana uthe isimo esi-
bekwe ngabaholi bezi-
nhlangano zaseSouth
Africa siyanyantisa. Nga-
phezu kwalokhu uthe
imibiko abayitholile ibe-
nza babenobusuku obu-
buhlungu. Ephetha uthe
indlela uMnuz. de Klerk
abemthatha ngayo nje-
ngoba bagcina ukubona-
na eLivingstone ngaseku-
qaleni kwalonyaka, ayifa-
ni nalena ayinikwezwa
nguMnuz. Makwetu no-
Dr Mandela.